# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 08. 01. 2012
07/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 79/72
2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ongunaphakade, Baba othandekayo osezulwini, siphakamisa igama lakho okungalo izulu nomhlaba, nemindeni yonke yenziwa. Sicela ukuba lenkanyiso enhle enguJesu siyifune njalo, singaphendukeli ebumnyameni bezwe. Siphe ukubona amasu akho ensindiso owasilungisela wona, kwambulwe kithi ingubo yokweduka, ukuba izibusiso zakho zigxile kithi ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 3:2-6;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 2:1-12.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 74/67
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe kwabaseKolose 1:24-27, lithi: "Ngalokho nami, sengizwile ngokukholwa okukini eNkosini uJesu nothando kubo bonke abangcwele, angiyeki ukubonga ngenxa yenu, nginikhumbula emikhulekweni yami, ukuze uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Kristu, uYise wenkazimulo, aniphe umoya wokuhlakanipha nokwambulelwa ekumazini yena; ekhanyisiwe amehlo enhliziyo yenu, nize nazi okuyithemba lobizo lwakhe nokuyingcebo yenkazimulo yefa lakhe kubo abangcwele, nokungubukhulu obumangalisayo bamandla akhe kithini esikholwayo, ngokokusebenza kwamandla akhe amakhulu asebenzé ngawo kuKristu emvusa kwabafileyo, wamhlalisa ngakwesokunene sakhe ezulwini." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bangane beNkosi noMsindisi uJesu Kristu enithandekayo, ngiyanifisela umkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi obusisiwe kakhulu, ngisho umkhosi kaKhisimuzi wabezizwe, ngisho umkhosi wePhifaniya, ongumkhosi wokwembulwa kweNkosi. UNkulunkulu wambuliwe, wambulelwe nabezizwe. Yikho okwenza ukuba ube umkhosi wabangesibo abaJuda, ube umkhosi wami nowakho wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi. INkosi, uMsindisi wethu uJesu Kristu, iNdodana ezelwe iyodwa kaYise osezulwini, uzelwe nguMariya intombi eBethlehema ngesikhathi sikaKesari uAwugustu, sikaHerode noPontiyu Pilatu. Kusho ukuthi kwenzekile phambi kweminyaka engu-2012, uJesu wayelaliswa emkhombeni, embesiwe ngezindwangu njengezingane zonke ezilindwa kahle onina, noma eyiNkosi yamakhosi noMbusi wababusi, wambulwa ukuthi uNkulunkulu weqiniso, ezelwe nguYise phambi kwezikhathi zonke, uNkulunkuu ovela kuNkulunkulu, ukukhanya okuvela ekukhanyeni, uNkulunkulu uqobo ovela kuNkulunkulu uqobo, owazalwayo, ongenziwanga, osibili sinye noYise, okwenziwa ngaye zonke izinto; - wazalwa emzini omncane, eBethlehema, engumntwana wabampofu, engumntwana kaJosefa, umbazi waseNazaretha ngokomthetho, noMariya owayeyintombi owammiselwe nguye lombazi. UMariya ungathi wavelelwa ngumsiko ezinsukwini zokubalwa okwayalwa nguAugustu, eseyintombi, esakhumbula isithembiso sengelosi, ungathi: Engakajwayeli ubuhlungu bokudeda, kodwa esendleleni engaziwe nguye, abakubo bengekho khona, nombelethisi engakho ebusuku. Ungathi: UMariya wayeyedwa ebumnyameni bobusuku. Kuyabukeka kanjalo ngokwengqondo yomuntu okwenzekile khona eBethlehema, mhla uJesu efike kulomhlaba wosizi. Kodwa ivangeli liyakhomba okunye ukuba siqonde umehluko omkhulu wokuzalwa kukaKristu. LowoJesu ozelwe eBethlehema ungowehla ezulwini ngenxa yethu thina bantu nangenxa yokusindiswa kwethu, waba inyama ngoMoya oNgcwele kuMariya intombi. Nguye owaguqula ubusuku, bube ukukhanya, waguqula usuku nosuku, lube umkhosi, usuku lokukhululwa emsebenzini wokuzilungisela ukusindiswa. Nguye osihlenge ekufeni, nakuye uSathane, nasezonweni, nakukhho konke okubi okobumnyama. Ngakho lokhu uJohane umvangeli ulobile wathi: "Ubumnyama buyadlula nokukhanya kweqiniso sekuyakhanya," 1 Joh. 2:8b.

Ngesambulo somusa kaNkulunkulu izithembiso zasendulo zalondolozelwa nasempumalanga ukuba izazi ziholelwe emkhombeni waseBethlehema, noma bebedukele kuqala ukuphambukela ukuya eJerusalema ngenxa yobukhazikhazi kwalelidolobha, kodwa empeleni baholelwe eBethlehama ngesithembiso sikaNkulunkulu esalotshwa nguMika. Kusho ukuthi uNkulunkulu wabaholela kuKristu ngezwi lakhe. Kwalandela iminyaka neminyaka emva kwalokhu ukuba amakhosi ezizwe ezahlukeneyo alethe izabelo zawo kulomntwana owayezalelwa eBethlehema. Inkanyezi yakhazimula kakhulu ukukhomba indlela, izazi zayilandela, zase zayibona phezu kwendlu, zangena kuyo, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi, zakhuleka kuye, zavula amagugu azo, zamkhunga ngezipho: igolide namakha nenhlaka. Bakhuleka phambi kwengane engukuqala nokugcina, iNkosi yenkazimulo. Nkosi, masihawukele! Kristu, mawusihawukele! Nkosi, mawusihawukele! Kungumkhuleko wabasahlezi ebumnyameni obuphezu kwalomhlaba, kodwa kulobumnayma bakhanyiselwe ukukhanya yokugcwaliseka kwezithembiso zasendulo zikaNkulunkulu, njengalesi esitholakala sephistola elidala lomkhosi wePhifaniya ngisho Isaya 60:1-6, elithi: "Vuka ukhanye, ngokuba ukukhanya kwakho kuyeza; inkazimulo kaJehova iphumela phezu kwakho. Ngokuba bheka, ubumnyama buyasibekela umhlaba, nesigayegaye abantu; kepha uJehova uyaphuma phezu kwakho, nenkazimulo yakhe iyakubonakala phezu kwakho. Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, namakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho. Phakamisa amehlo akho nxazonke, ubone; babuthana bonke, beza kuwe; amadodana akho ayakuvela kude, namadodakazi akho ayakuphathwa ngezingalo. Khona uyakubona, ukhazimule; inhliziyo yakho iyakugquma, yanuleke, ngokuba ingcebo yolwandle iyakuphendulelwa kuwe, nemfuyo yezizwe iyakuza kuwe. Ubuningi bamakamela buyakukusibekela, amakamela amasha akwaMidiyani nase-Efa; bonke abaseSheba bayakuza, balethe igolide nehlaka, bamemezele izindumiso zikaJehova." Mawuqaphele! Yikho okwenzekile eBethlehema phambi komkhombe kaJesu. Isihlalo sobukhosi bukaNkulunkulu sambulwe, iAletare iNdodana kaNkulunkulu ehlabelwe kulo, nokushiswa othandweni lwakhe olukhulu lilungisiwe. Ngakho bheka! Dumisa iNkosi! Guqa phambi kweNkosi uJesu Kristu, iNkosi noNkulunkulu wethu. Sesiyacela, sithi: Nkosi, mawusihawukele ngokokukhethwa nguwe okwambulwa, ukuthi uyathanda ukuba abezizwe beze, abasemakhumbini omane omhlaba beze ukwamukela ifa lokuphila okuphakade kanye nabesizwe sakhe, amakholwa akho, nabezizwe babe yizindlalifa bonke kanye nabaprofethi nabaphostoli bakho. Ngakho lokhu umkhosi wokwambulwa kwenkazimulo kaKristu, isambulo sokuthi iNdodana kaNkulunkulu yambuliwe ngokuthi ungumuntu impela. Kanjalo-ke kungumkhosi wentokozo enkulu nasezizweni zakithi.

Nokho akusesibo abakhulu bomhlaba kuphela abaguqa emkhombeni, nabelusi ababeyizisebenzi ezacindezelwa ukusebenza ebusuku, baya ukukhuleka kuKristu, iNkosi eyazalelwa emzini kaDafide. Ingelosi yabazasiza umlayezi omnandi. Ngalesosikhathi kwakhazimula ukukhanya okukhulu ehlane laseBehtlehema. Nalabo abampofu babeya ukukhuleka, bathi: "Asihambe manje, size sifike eBetlehema, sibone leyonto eyenzekileyo iNkosi esazisile yona," njengalokhu ingelosi yabatshela, yathi: "Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu okuzakuba kubantu bonke ukuthi nizalelwe uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide. Nalokhu kuyisiboniso kini: niyakufumana umntwana embesiwe, elele emkhombeni. Masinyane kwaba khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini, lumdumisa uNkulunkulu, luthi: Udumo kuNkulunkuu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye." Lendumiso yezingelosi iyimpendulo yekerike yobuKristu emazweni onke, ngokuba uNkulunkulu uMthathwemunye uzwile imikhuleko yethu ekuhluphekeni kwethu evela esigodini sethunzi lokufa, esesambulele ukukhanya kwakhe okukhulu, ngisho ukukhanya kwensindiso nokuphila okuhakade ngaye uJesu Kristu.

Yikho ukukhanyiswa nobungcweliswa uPawulo akwabelwa naye ukuba kukhanye kuye uJesu Kristu - ungathi ngokulibala, njengalokhu evumile, wathi: "Ekugcineni kwabo bonke wabonwa nayimina enginjengozelwa kungakabi yisikhathi," 1 Kor. 15:18. Umpostoli uPawulu waphiwa ukukholwa nguKristu, sekudlulile imnyaka uJesu esebethelwe esiphambanweni, nokufihlwa, nokuvuswa ekufeni ngosuku lwesithathu, nokwenyukela ezulwini. Waphiwa, mhla uJesu ezambulela kuye endleleni yokuya eDamaseku, nokubhapathizwa nguAnania. Khona-ke naye uPawulu wambulelwa imfihlakalo enkulu kaNkulunkulu, eyayifihlekile kuqala izinkulungwane zeminyaka, kodwa yabulelwa ngevangeli likaKristu kubo abangcwele bakhe. Kuyimfihlakalo yokuthi iNdodana kaNkulunkulu yazalwa, ibe ngumuntu impela, nokuthi unguNkulunkulu uqobo nomuntu futhi uqobo, nokuthi ukuzalwa kwakhe

kwenzelwe insindiso yethu, ngokuba njengalokhu ehlanganisiwe nokuphila kwethu esiyizoni, sihlanganisiwe naye ngokulalela kwakhe kokuzwa kuze kube sekufeni kwesiphambano. Yebo, impela wathwala izono zethu zonke, nezezomhlaba wonke ngokuhlushelwa thina sonke ngobuhlungu bokufa obukhulu. Kanjalo wasilungisela indlela eya ekuphileni, nokusipha ukukholwa kokuhlangana naye enqobeni yakhe yokunqoba uSathane, nesono nokubi konke. Yikho asilungisele khona ngokufakwa ekufeni kwakhe ngombhapathizo. Kanjalo-ke sihlanganisiwe futhi namandla okuvuka kwakhe. Embhapathizweni sihlanganisiwe noJesu, sembathisiwe ngoKristu, njengalokhu sembathiswa ngengubo. Ngakho lokhu sivuma, sithi: siyaphila, kodwa akuseyithi esiphilayo, kepha uKristu uphila kithi. Esikuphila kalokhu enyameni sikuphila ngokukholwa, okungukukholwa yiNdodana kaNkulunkulu eyasithandayo, yazinikela ngenxa yethu. Kusho ukuthi asisaphileli isono, kodwa uKristu uphila kithi, wasilethela ukulungu nobungcwele phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke.

Lokhu kukanye nakho okumelwe ukwenzeka ngezinsuku zonke ukuba uAdamu omdala okithi abulawe, afe kanye nezono zonke, kuze ukufa kuzoqeda okubi konke kithi, mhla simuka kulomhlaba. Kuze kube osukwini lokufa kwethu lempi izoqhubeka ukuba kuvuke umuntu omusha ngezinsuku zonke ngokulandela intando kaNkulunkulu. Yikho okukhulunywa ezwini lentshumayelo yanamuhla lapho uPawulu ekhuluma khona ngezinhlupheko, ngesiphambano, nezimpi. Sidinga ukuxwayiswa ukuba sihlukane nesono, nezindlela ezimbi. Sidinga ukufundiswa nguNkulunkulu ukukhula ekuhlakanipheni, nokukhula ngokwenza imisebenzi yothando neyomusa. Kusho ukuthi uKristu umelwe ukukhula kithi, kodwa thina sonke kanye nokubi simelwe ukuncipha thina ngezinsuku zonke. Yikho okuyindlela yokuphila kwamakholwa. Konke kusezandleni zikaKristu ukuba yena abe konke ekuphileni kwethu, size sifane naye ngokwempela. Ngakho njengolokhu uJesu Kristu ehlushwa ngokuningi, efela esiphambanweni ekugcineni, nathi simelwe ukuhlupheka, siyakumuka kulomhlaba sisathwele isiphambano, kodwa asisodwa. UKristu unathi, ukithi, uphakathi kwethu yena uqobo, uyasebenza ngamandla akhe kuwe nakimi ukuba sikhulele kuye, sifinyeleliswe ekugcineni uNkulunkulu asilungisela khona ukuba sibe lokhu athanda ukuba sibe yikho ukuba sibe yikho ngomusa wakhe, sibe ngabangcwele bakhe abathethelelwe izono zabo ngomusa, sibelethwe nguye ngothando nomusa wakhe, sivuselelwe ngokuthenjiswa inkazimulo esiyabelwe embhapathizweni, nangokuthethelelwa kakhulu zonke izono zethu imihla nemihla, nokubusiswa, nokududuzwa, nokwelashwa nguye ngenxa kaKristu ngokukholwa nguye. Kanjalo yena onguNkulunkulu uqobo nomuntu futhi uqobo osazambulele kithi ngemisebenzi yakhe yamandla ukuba nathi siguqulwe, senziwe abasha, sibe abaphendukayo impela. Ngakho lokhu uPawulu ethokozela nezinhlupheko zakhe, eqhubeka ukwenza umsebenzi wakhe wokushumayela izwi likaNkulunkulu, uyazi ukuthi umsebenzi wakhe awenzelwa ize, kodwa wenziwa ukudumisa uKristu, nethemba lokuphila okuphakade. Wabhala, wathi: Akusikho ukuzincoma ngenkazimulo kaNkulunkulu kuphela, “kodwa sizibonga nangezinhlupheko ngokwazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela, ukukhuthazela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba; ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo, Roma 5:3-5.” Amen

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, namuhla siyakhumbula ukuthi wambulela abezizwe iNdodana yakho ezelwe yodwa uJesu Kristu ngenkanyezi ababeyibona empumalanga, nangezwi likaMika ababelizwa. Sesiyacela kuwe ukuba usabele ukuba sihambe njalo ekukhanyeni kwabezizwe okunguKristu iNdodana yakho, sikulandele, size sikubone enkazimulweni yobukhosi bakho. Siyacela lokhu ngayo iNdodana yakho, uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 78/71
Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-K. P. P. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.